
NguMongameli
uThomas S. Monson



# Inkosi Idinga abaFundisi bezeNkolo

UOkthoba wokugcina kwinkomfa jikelele Ngabiza abafundisi benkolo abaningi. Wonke umfana olungileyo osemncane kumele azilungiselele ukuya kumishini. Umsebenzi onjengalona ngumsebenzi wobupristi—ungumsebenzi lowo iNkosi ewulindele kithina esinikeze okuningi kakhulu. Bafana abasebancane, Ngiyaninxusa ukuba nenze umsebenzi njengabafundisi bezenkolo. Zigcineni nihlanzekile futhi nimsulwa futhi nilungile ukuze nimelane neNkosi. Thola impilo yakho kanye namandla. Funda imibhalo eNgcwele. Lapho kubonakala khona, yiba yingxenye kuseminari nakwinhlangano. Zijwayeze wena nebhuku labafundisi bezenkolo *Shumayela Ivangeli Lami.*

Bodade, ngenkathi ungenalo igunya elifanayo lobupristi njengabafana abasebancane lokusebenza njengabafundisi bezenkolo ngokuphelele, uyakwazi ukwenza umnikelo owusizo njengabefundisi bezenkolo, futhi siyakwamukela ukusebenza kwakho.

Kubafowethu nabodade beNkonzo asebekhulile, Ngiyanikhumbuza ukuthi iNkosi idinga abaningi, ningi kakhulu benu ukuba bayosebenza njengabafundisi bezenkolo ngokuphelele. Uma ungakafiki esikhathini sempilo yezikhathi zonyaka ukuyosebenzela ubufundisi njengabashadikazi, Ngiyaninxusa ukuba nizilungiselele manje lolusuku usuku lapho, lapho isimo sakho sivuma, wena noshade naye mhlawumbe nikwenze lokho.

Zimbalwa izikhathi ezimpilweni zethu lapho uzojabulela umoya omnandi futhi ogculisayo obuya ekunikezeni umsebenzi ngokuphelele ndawonye emsebenzini kaThisha

Manje-ke, abanye benu bangaba namahloni ngokwendalo noma ucabange wena ungaphelele ukuba aphendule ngokugcwalisekile kubizo lokusebenza. Khumbula ukuthi lona ngumsebenzi weNkosi, futhi uma sesithunywe iNkosi, sivumelekile ukuba sisizwe yiNkosi. iNkosi izolungisa ngemuva ukuze sithwale umthwalo obekwe phezu kwethu.

Abanye, noma-ke belungile ukuba basebenze, bangazizwa ukuthi banezinto eziningi ezibalulekile kakhulu ezingaphambili. Ngakho-ke Ngisakhumbula isithembiso seNkosi: "Kulabo abahlonipha mina Ngizobahlonipha" (1 uSamuweli 2:30). Akekho namunye wethu ozohlonipha uBaba Wethu waseZulwini futhi onguMsindisi wethu ukwedlula ukusebenza njengomfundisi wezenkolo ozinikeleyo, onothando.

Isibonelo somsebenzi onjengalona ulwazi lomfundisi wezenkolo uJuliusz kanye noDorothy Fussek, abathola ubizo lokugcwalisa umsebenzi ePoland. uMfo uFussek wazalelwa ePoland. Wayekhuluma ulimi. Ethanda abantu. Udade uFussek wazalelwa eNgilandi futhi azi okuncane ngePoland futhi engazi lutho ngabantu bakhona. Ekuthembeleni eNkosini, bawuthatha lomsebenzi. Umsebenzi wawunesizungu, umsebenzi

wabo wawumkhulu. iMishini ngalesosikhathi yayingakakhiwa ePoland. Umsebenzi owawunikezwe abakwaFussek kwakungukulungisa indlela ukuze imishini yakhiwe.

Ingabe iGosa nodade uFussek bazisola ngenxa yomsebenzi wabo omkhulu? Hhayi okwamanje. Babazi ukuthi ubizo lwabo lwaluvela kuNkulunkulu. Bathandaza ukuze bathole usizo olugcwele Lwakhe, futhi bazinikela bona ngokwabo ngezinhliziyo zonke zabo emsebenzini wabo.

Ngesikhathi iGosa uRussell M. Nelson weKhoramu yabaPosoli beshumi nambili; iGosa uHans B. Ringger, ngalesosikhathi ongawaMashumi ayisikhombisa; kanye nami, siphelekezelwa yiGosa uElder Fussek, owahlangabezana nomfundisi okholiwe, uAdam Wopatka, wohulumeni wasePolish. Samuzwa ethi, "iBandla lakho livumelekile lana. Ungakha amabhilidi akho, ungathumela abafundisi bakho. Lendoda," ekhomba kuJuliusz Fussek, "isebenze ebandleni lakho kahle. Ungathokoza ngombono wakhe futhi nangomsebenzi wakhe."

Njengabakwa Fusseks, asenzeni okumele sikwenze emsebenzini weNkosi. Ngakho-ke sizokwazi, ngoJuliusz futhi noDorothy Fussek, enanela amaHubo:

"Usizo lwami luvela eNkosini, edale izulu nomhlaba.

". . . Lowo ogcine yena angeke angenzi lutho.

"Bheka, lowo ogcina uIsrayeli akasoze ozela noma alale" (amaHubo 121:2–4).

### UKUFUNDISA NGALO MLAYEZO

*Ukufundisa, Akulona Ubizo Olukhulu* kusho: "Yabelana nolwazi lwakho mayelana nokuphila umthetho wevangeli uyewabusisa impilo yakho. Mema labo obafundisayo ukuba babelane kancane ngalokho abakwaziyo bona" ([1999], 159). Funda lomlayezo futhi ubuze amalungu omndeni ukuba ubani uMongameli uMonson athi kumele ayosebenza kumishini. Yabelana ngolwazi lwakho ukuthi wena noma abanye niyenaluthola ngenkathi nisebenza njengabafundisi benkolo nsukuzonke. Noma abelana ngamalungiselelo akho ukuyosebenza njengomfundisi wenkolo esikhathini esizayo. Cela amalungu omndeni ukuba abelane ngamalungiselelo kanye nolwazi oluhle lwabo.

## INTSHA

## Ibhayisikili Lekusasa

**Ngu Peter Evans kanye noRichrad M. Romney**

Abaningi besilisa abasebasha bazilungiselela ngokwemali ukuyosebenza kumishini. E-Afrika ingxenye yokuzilungiselela ukuhola imali eyanele ye pasipoti. uShedrick Tshiambine wahola lokho ebekade ekudinga ngendlela ehlakaniphileyo: ngokuthengisa obhanana emva kwebhayisikili.

uSedrick uhlala eLuputa, eDemocrathic Riphabliki yase Congo. Ungomunye wabangu 45 wabesilisa abasebasha kwisifunda saseLuputa osebenzela ukuwonga imali yepasipoti ukuya kumishini. E DR Congo ipasipoti libiza $250, okungaba kubili-kwezintathu imali ebiza ukwakha indlu.

Kepha uSedrick wayengakhathazekile. Wahola imali yemishini ngokushova 15–30 wamakhilomitha (9–19 yamamayili) kusuka eLuputa ukuya emadolobhaneni, lapho athenga khona obhanana, bese eshova emuva ukudabula isavanna yeAfrika eshisayo, ibhayisikili lakhe eligcwele kakhulu ngezithelo ezizothengiswa edolobheni. Evikini ngalinye wahamba cishe amakhilomitha angu 180 (112 yamamayili) eduzane nemigwaqo yenhlabathi, futhi kwaba kanye kuphela umthwalo ongahlalanga ngokuqondile wela phansi.

Ngokusebenza kwakhe kanzima wahola cishe $1.25 ngeviki, noma $65.00 ngonyaka. Kwamthatha iminyaka emine ukuwonga okwanele ukuthenga ipasipoti lakhe, kepha manje uyazi ikusasa lakhe liqukethe imishini yezinsuku zonke ngokuba uselungele ngokwemali ukuphendula ibizo lokusebenza.

## IZINGANE

## Ngizozilungiselela Ngenkathi Ngisemncane

Ukusiza abantwana ukuba bakhumbule uMongameli uMonson kubizo lwakhe ukulungiselela ukuyosebenza kumishini, cabanga ukwenza isitifiketi ngombhalo ongezansi ngabantwana bakho bayisayine futhi bayigcine njengesikhumbuzo, mhlawumbe ebondweni labo noma kujenali yabo.

# NGIZOLUNGISELELA

uMongameli uThomas S. Monson wabiza mina
ukuba ngilungisele ukuya kumishini. Ngizo:

- Zigcina ngihlanzekile futhi ngimsulwa futhi ngilungile ukuba ngimele iNkosi.
- Gcina impilo kahle namandla ami.
- Thandaza futhi ngifunde umbhalo ongcwele.

Ngizolungiselela ukuyosebenza kumishini.

________________________________________

*(sayina)*

© 2011 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/10. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/10.
Ukuhmushwa ko *First Presidency Message, January 2011*. Zulu. 09761 783

# Umlando kanye neSiko lweNhlangano Yabesimame Yenkululeko

**Ukholo • Umndeni • Inkululeko**

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangano Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

uEliza R. Snow wakhumbula imfundiso kamProfethi uJoseph Smith ukuthi "nomake igama elithi [Inhlangano Yabesimame Yenkululeko] ingaba into yesimanjemanje, kepha inhlangano eyaqala kudala."[1]

uBaba waseZulwini kanye neNdodana Yakhe, uJesu Krestu, bavakashela uJoseph Smith futhi, ngaye, wabuyisa ivangeli ngokuphelele emhlabeni. Inhlangano Yabesimame Ekhululekileyo yaba yingxenye yalokho kubuyiswa. Inhlangano yeBandla yayingaphelele kwaze kwahlanganiswa inhlangano yomama.[2]

Ezinyangeni ezizayo, uMlayezo ngamunye Wokuvakasha ngokufundisa uzonikeza ithuba lokuba sifunde kakhulu maqondana nomlando Wenhlangano Yabesimasme Yenkululeko kanye nengxenye yayo kwivangeli elibuyisiwe. Ngezizathu eziningi, ukuqonda ngomlando wethu akukona okubalulekile kuphela kepha *kusemqoka*.

Okokuqala, ukuqonda ngomlando wethu kukhuthaza thina ukuba sibe ngomame bakaNkulunkulu okumele sibe yibo. Ngokulandela izibonelo ezithobekile zomame bezinsuku Zokugcina, singafunda ngokwendlulile ukuthi singasibheka kanjani isikhathi esizayo.[3]

Okwesibili, umlando wethu usifundisa ukuthi umthetho lowo owawukhona kudala eBandleni ngumthetho wethu oyisisekelo namuhla. Lolwazi kanye nezinjongo zethu—ngokukhulisa ukholo nokulunga kumuntu, kuqinisa imindeni kanye namakhaya, futhi nokusiza labo abahluphekileyo—kudonsa ukuxhumana phakathi kwalokho okwakudala kanye nokwamanje.

Okwesithathu, njengoba sazisa ngomlando wethu, singabelana kangcono ngosiko lwethu olungcwele. uMongameli uHenry B. Eyring, Ukhansela Wokuqala kubuMongameli Bokuqala, wathi: "Udlulisa usiko njalo ngenkathi usiza abanye ukuthola isipho sothando. . . . Umlando Wenhlangano Yabesimame Yenkululeko ibhaliwe ngamagama kanye nezinombolo, kepha usiko ludluliselwa enhliziyweni kuye kwenye inhliziyo."[4]

Ekugcineni, ukuqonda umlando wethu kuyasisiza ukwenza thina ukuba sibe yingxenye esemqoka yesikhathi esizayo Senhlangano Yabesimame Yenkululeko. uMongameli uSpencer W. Kimball (1895–1985) echaza, "Siyazi ukuthi omame abanogqozi ngalokho okwedlula bazophatheka kabi ngokulungisa ikusasa elilungileyo."[5]

*uJulie B. Beck, uMongameli Jikelele Wabesimame Benhlangano Yenkululeko.*

## Kuvela embhalweni Ongcwele

uEsther 9:28–29; KwabaseRoma 16:1–2; uAlma 37:8; uMoroni 7:45–47

## Kuvela Emlandweni Wethu

"Inhlangano Yabesimame Yenkululeko inhlangano yeNkosi yabomama."[6] Kwindawo yakhe njengomprofethi, uJoseph Smith wahlanganisa Inhlangano YabesimameYenkululeko ngoMashi zingu 17, 1842. Iqoqwana elincane elahlukahlukene kulowo mhlangano wokuqala kwaku ngomama abazinikeleyo, njengoba kufana namuhla kodade Benhlangano Yabesimame Yenkululeko. "Ababesebancane kwaku yizintombi ezintathu, omdala, kwakungumama owayeneminyaka engamashumi amahlanu. Abayishumi nanye kubona abomame babeshadile, ababili bengabafelokazi, abayisithupha bengashadile, bese-ke oyedwa wabo wayengaziwa ukuthi isimo sakhe ngokomshado simi njani. Imfundo yabo kanye nemvelaphi yabo yayehluke kakhulu, njengoba kunjalo nangezindlela zasemnothweni. Ukwehluka kwabo kwakuzokwandiswa kaningi njengoba amalungu enhlangano eqhubeka ngokukhula, kepha babe njalo futhi babeqhubeka ngokuba munye."[7]

**AMANOTHI**

1. uEliza R. Snow, "Owesifazane Wenhlangano Yabesimame Ekhululekileyo," *Deseret News,* Apr. 22, 1868, 81.
2. Bona *Izimfundiso zaboMongameli beBandla: uJoseph Smith* (2007), 451.
3. Bona uL. Tom Perry, "Indlela Yakudala Yokubhekana nekuSasa," *Liahona,* Nov. 2009, 73–76.
4. uHenry B. Eyring, "Ukubekezela isipho Esishiyiwe seNhlangano Yabesimame Yenkululeko," *Liahona,* Nov. 2009, 124–25.
5. uSpencer W. Kimball, "Amalungelo futhi Nemisebenzi yoDade ," *Ensign,* Nov. 1978, 102.
6. uSpencer W. Kimball, "Inhlangano Yabesimame Yenkululeko—Isithembiso sayo kanye Nekhono," *Ensign,* Mar. 1976, 4.
7. uJill Mulvay Derr, uJanath Russell Cannon, kanye noMaureen Ursenbach Beecher, *Abomama Besivumelwano* (1992), 28.

## *Ngingenzenjani?*

**1.** Ngingenzenjani ukusiza odade engibavakashelayo ukuba bathole isipho sothando?

**2.** Ngingaqala ngani kulenyanga ukusiza ukubumba ikusasa lami elilungileyo. ngomndeni wami? abanye?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

© 2011 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/10. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/10.
Ukuhumusha kwe *Visiting Teaching Message, January 2011*. Zulu. 09761 783